Ezindala zabakwa'Zulu.

(Iqutshwa enyangeni efile.)

Ayike, uDingane wetuka impela. Kwakus'obala nje ukuti kana'mandhla okuqinela amaBhunu kanye naoMpande. Ukweqa nako kwakungatembisi kakulu, loku naku indhlela yake yokubusa kwakumvusele izita emacaleni onke. Nganxanye ngas'enyakato nas'entshonalanga kwaku amaSwazi nabaka'Mzilikazi, nganxanye, ngas'eningizimu nas'entshonalanga, kwaku amaBhunu noMpande. Kanjalo-ke uDingane wetuk'ezifumanisa epakati kwesita nolwandhle ngempela (between the devil and the deep sea). Bala, izindaba zimi kanje uDingane wenza okung'enzekayo, watuma uNzobo, induna yake, ayokuluma namaBhunu, alinge ukuwaxolisa.

Kepa-ke izinduna ezimbili zika'Dingane, uNzobo noNdhlela, zazinegama lokuti yizona ezinecala kakulu ekwenzeni kuka'Dingane ngokululeka kwazo. Ngaloko-ke amaBunu abamba uNzobo, ambopa, eti uzauhlawula izono zake kanye noDingane noNdhlela, bafe bobatatu.

Kunjalo nje uDingane owa'akile eVuna kuleyo'nkati, wat'ukubona ukuti izita zake seziyamzela, wati monyu, wadeda, kwaba ibanga elinamamayile a30, waze wafika eMagudu izintaba, impi yake kodwa yasala eMaqongqo. Kwakuy'ikona-ke eMaqongqo impi ka'Dingane ihlangana neka'Mpande, impi ka Dingane iholwa ng'uNdhlela, eka'Mpande iholwa ng'uNongalaza.

Kwalwiwa kabi impela, kwafa abaningi. Kutiwa indawo yasala imhlope amatambo ababuleweyo iminyaka eminingi. Ukugcina kodwa kwahlula abaka'Mpande. UNdhlela walinyazwa kusalwiwa. Kwat'uba abuye ahlulwe, uDingane wavuk'ulaka, wati, akabulawe.

Enye induna kaDingane, uNzobo, owaye'sezandhleni zamaBunu, wafa ngolulandelayo. Kwaya kanje amaBhunu amisa inkantolo yokuhlola nokunquma indaba kaNzobo nekaKambazana, omunye umuntu oway'epelekezele uNzobo beya emaBhunwini betunywe uDingane njengokwatshiwo pezulu. Ayike, uNzobo wabekwa icala lokuti way'esizile uDingane ekubulaleni abaningi abantu bake, nelokuti kwakung'nyena owaemlulekile uDingane ukuba abulale uPieter Retief namaBhunu ake. Inkantolo yayi'sibuza kuNzobo uma enaloko angatanda ukukutsho malungana nala'macala, enzel'ukuzivikela. UNzobo wapendula wati, qa, kana'kutsho luto malungana nawo, wati kodwa, uKambazana kanacala nakanye kulezozindaba. AmaBhunu asebuza ngako uMpande. Kepa uMpande, uKambazana unecala elikulu, wati, nguye uKambazana, oway'ete, funa alahlekelwe isikundhla ay'enaso kuDingane, way'eloku emvusa, emvusela abanye ngezimbiko ezingamanga. Inkantolo yay'isinquma indaba yati, ababulawe bobabili. Basebeyiswa-ke ngapandhle, babulawa ngokudutshulwa.

"NDABAZABANTU."

NGOKULIMA.

Okuqondwe ngokufunda akusikona ukugqingqela ukwazi okutile emakanda abantwana, kodwa ukuba balungele impilo aboyipila nxa sebepumile esikoleni. Ngakoke nxa kubalwa izinto okufanelwe zifundiswe abantwana baBantu, kufuneka ukuba singakohlwa abayokweswela ngezikati ezizayo. Enye-ke yalezinswelo zabantwana baBantu, ulwazi olutile ngokulima, noma njengoba sizwa njalo emapepeni, kafuneka bafundiswe izindhlela ezingcono zokulima. INatal Mercury yati ngeliny'ilanga: "Siyakolwa ukuba into yokuqala efanel'ukwenziwa ekupakamiseni aBantu, ukuba bafundiswe ukulima." USir Godfrey Lagden, ekuluma ngemfundo yaBesutu wati: "Isu, kuze kudhlul'end'inkati, elokuba aBantu banikwe imfundo eyobasiza ekuhambeni kwabo nasekubatoliseni akakweswele kapela." Ngo1896 amalungu atile ePalamende laseKipi ati: "Siyakolwa ukuti imfundo okusiza kuyo uMbuso, ngakuba eqala pansi, kanye nayo kwefundwe ukulima ngazo zonk'izindhlela ezingenzeka."

Yonk'iminyaka bayanda abantwana baBantu abangena kwositende V & VI, nasemaKilazini angapezulu. Kepa-ke akuko misebenzi emiuingi abanelungelo lokuy'sebenza. Mhlaumbe iningi boba oTisha, ingcosana omabhalane namarumusha, emsebenzini wezandhla bayancintiselana bavinjelwe aBelungu, ngakoke iningi liyolinga ukupila ngomhlabati. UDr. Loram ubalis'ukuti encwadini yake (page 149) wake wabuza abafana abali14 ababefunda usitende VII. (7) ukuti baqonde ukwenzani nxa sebeqedile. Abayisikombisa bati baqonde ukufunda ukulima. Loku kubonisa ukuti aBantu sebeqala ukupendulela umqondo wabo ngasemhlabatini.

Isisusa esikulu okufanele ngaso ukuba aBantu bafundiswe ukulima, yilesi esishiwo uDr. Loram encwadini yake, esokuba lomsebenzi wokumba (izinto ezinjengegolide) eS. Afilika, avnakuma kuze kube nini, kodwa uyaupela ngemva kwesikati esitile. Okuyiwona msebenzi oyosala kulelizwe ukulima. Ngako-ke kogcina ngokuba abantu baseS. Africa abamhlope nabamnyama babe abalimayo, isizwe esiveza konke esikuswele ngasekudhleni, isizwe esingatumela kwamanye amazwe ining lokudhla okusele. UDr. Loram uti: "Ukulima kulelizwe yinxa manje kuqala ukwaziwa, futi ngokufunyaniswa kwemiti esizayo ezifweni eziningi ezahlukene, nazo izifo uqobo lwazo, ezivama ngasikati njalo ukuvela kulelizwe, itemba ngasekulimeni eS. Africa likulu liyenamisa. Nxa ngempela lamasu nalelitemba kubhekisiswa izigidi ezine zaBantu ngazifundiswa ukuba abalimi bempela, abalima ngomteto." (p. 234) Sikona nempela isigidi samadoda aqinile anamandhla lapa kweleNyonyana, abangasebenzeli muntu. Ukuba lamadoda aye ngabalimi boqobo, eqonda amasu okusebenzisa kahle amasimana amancane nje, lelizwe beliyakuba nako ukutumela kwamanye amazwe izigidi ezitile zamasaka ombila owalinywa ngaBantu. Sekuyiminyaka engapezu kwe 2,000 abantu baseGipite (Egypt) 'minyaka yonke babetumela eLoma (Rome) amasaka aizi 7,000,000 engqoloba. Kungani ukuba aBantu balapa bangakwazi ukutumela kwelaseNgilandi minyaka yonke amasaka angaka? Kodwa endaweni yaloku sibonani na? Sibona amaKula etshala ubanana nemifino enota ngaloko, azitengele izindawo zawo, noma afumbat'imali awele nayo aye kwelakubo laseNdiya Abalapa kiti aBantu benzani na?

Ngale'mpi kwaba kona ukukuluma okuningi ngokubuta impi yaBantu abazi 100,000, bafundiswe isibhamu nesipeneti. Ake silingeke manje ukubuta impi yaBantu abayisi1,000,000. abakwazi ukupata isipeto, nehala, negeja, nehala lezinkabi, nezwe lakiti lingashesha lisimame. Sibubonga kakulukazi ubuqawe esabutshengiswa 'zimambane zaBantu ekuweleni kwabo baya eYulopa, lapo iningi lazincam'ukupila ngenxa yezwe lakubo. Kodwa akusibona lobu kupela ubuqawe ukulindela ukufela izwe, kukona nobunye ubuqawe, obwokuzilungise'ela ukupilela nokusebenzela izwe umuntu o'kungelakubo, naBantu abalimayo abalinga ukukupakamisa ukulima nabo bangamaqawe njengawo lawaya awempi.

Ake sibone-ke manje ukuba aBantu bangafundiswa kanjani lomsebenzi wokulima?

Ku omunye wemisebenzi kaRulumeni ukuveza amasu namatuba okungenisa ezikoleni lemfundo yokulima. Abelungu uRulumeni uyabenzela izindawo la' kulingwa kona amasu anje nezikolo la'kufundwa kona ukulima. Enye yalezindawo ikona lapa eNatali, ibizwa ngokuti iCedara. Siyetemba ukuba soba kona masinyane isikolo esifuze sona lesi saseCedara sokwefundis'aBantu. EKipi sikona isikolo sokufundisa ukulima saBantu, eTsolo, neS. A. Native College, eduze kwase Lovedale esizwa uRulumeni inezefundo zokulima. IBhunu lase Transkei licita izinkulungwane zompondo minyaka yonke malungelana nokulima.

UDr. Loram encwadini yake ukomba ngokucacile ukuti kuyisibopo sabapete izikolo ukufundisa isizukulwane esikulayo izindhlela ezingcono zokulima. Ngako-ke wangenisa ohleni lwokufundwa oTisha baBantu, izinto njengoba zavela zinjalo (Nature Study) neziqalo zokulima, okona loku kokubili kuhamba kanye, eqonde ukuba lengqondo yosukela kwoTisha ihlwayeleke nakwabanye aBantu abaningi.

Ngesiny'isikati izefundo ezintsha ziyangeniswa ezikoleni ukuba zilingwe, besesiqutshwa nza s kubonakala usizo lwazo, noma ziyekwe nxa kubonakala ukuba azinansizo. Kodwa akudingeki sikati eside ukuze kubonakale usizo lwokulima, ezifundweni zasezikoleni. Isikati esinikezwa lesi sefundo asilahleki nempela. Ngonyaka odhlule (1918) ngafundisa lapa eNormal yakiti, ngokulima kusukela kuStd. III, IV, V, VI nabeminyaka emibili yobuTishela, ngafumanisa ukuti lesifundo sejabulisa ngitsho nabasengapansi ngokufunda kwalabo engibatsho pezulu. Nonyaka ngifuna ukulinga naku Std. I & II. Nxa abantwana befunda ngezimilo (Nature Study) sebengezwa okuncane ngomhlaba okumila kuwo lezizimilo. Yikona loko okuqondwe ngokufundisa ukulima.

Pezu kwesango elingena eMonasteli (Monastery) laseMariannhill kubhalwe loku ngamagama amakulu: Ora et labora, oku ukuti, Tandaza usebenze. Loku kwaku isaga sabafundisi bokuqala abona sekuyiminyaka engama 500 emva kwokufa kukaKristo, besuka kwelase Italia bay'eNyakato bayoendukisa amaqaba aseEurope. Lezo zizwe bazifundisa ukolo nokulima, seloku kwaba njalo kusukela kuleyo minyaka kuze kube namuhla. Ngakoke kungomunye wemisebenzi wabaFundisi ukuba bafundise, bavuse ukulima pakati kwabantu ababapendukisayo.

Kulomzamo akako ongasizana nomFundisi kakulu kunoTisha baBantu. Yilowo nalowo Tisha ngayeba umenameli wokulima ngezizatu eziningana:

a. Ukwandisa irolo lake; ngoba oTisha abarolelwa kakulu.
b. Ukuba anyakazis'igazi emoyeni omuhle wangapandhle, ngenxa yokuhlala kwake isikati eside evaleleke endhlini.
c. Ukuba ahlale ngokufanele isikati sake njengoba kufanele isifundiswa, ngakoke apepe ubuvila nokwona.
d. Ukuba az'abe namandhla okwefundisa izingane zake ukupata ingadi abenze bayenamele bayitande.
e. Ukuba efundisa aBantu abapakati kwake ngokuba isibonelo, nabo batole ngokwazi kwake namasu ake okulima.

UTisha uyena onga eba usaoti pakati kwomhlangano waBantu, kungabi kupela ekuzinqabeleni kwomzimba, nakwezemfundo, kube futi nakwezo kwonga.

Amapepa amaningi ehlukene aBantu nawo ngayeshiya indawo yokuba kufakwe loludaba, luciteke lufinyelele izinkulungwane zabafundi bawo. Mhla kuqala uOktob (1/10/1918) ngatumela incwadi kubaHleli bamapepa aBantu, ngizinikela ukuba ngibabhalele izindaba esengazibhala ukuba nabo bazitumele kwabakubo. Abanye babaHleli bavuma ngentokozo ukuti bozifaka lezindaba emapepeni akubo, njengoba lezindaba sezizaufundwa aBantu abazi 15,000. Labo baHleli benza umsebenzi wozwelano nowokuvusa isizwe sakubo.

Abaholi babantu nabanye abantu abaqavilevo nabo nga benza konke okusemandhleni abo ukuba abantu bakubo bakutalel'ukulima. UGeorge Washington umBusi wokuqala waseU. S.A. (eMeleka 1732-1799) wati: "Ukulima yiwona msebenzi onensizo kakulu kunayo yonke, onempilo, obukekayo ukuba usetshenzwe umuntu. Kuyisibopo sikalowo nalowo muntu ukuba akutazelele inqubeko yokulima."

Minyaka yonke aBelungu bamapulazi bab nemibukiso yabanako ematawini amakulu, la' betshengisa kona zonk'inhlobo zezilwane abazefuyile nayo yonk'inhlobo yokudhla abakutolile, benzel'ukubonisa okungavela kulelizwe, bamis'abanye isibindi sokuba nabo batole okunje ngokwabo.

Kuze kube manje ngake ngafunda ngawo, wamunye umbukiso onje waBantu.' owaulungiselwe wahlelwa uDr. Hertslet ngaleminyaka eyadhlula. Ukuze kuqalwe imibukiswana emincane yokulinywa aBantu ngayihlanganiswa nalelisu elisaqeda kuqalwa lesikolo saseBusika saoTisha (Native Teachers' Winter Schools) lapo kukulunywa nangako ukulima.

Ngineqiniso lokuba baningi aBantu abafunda lemigqana abanesifiso senqubeko yesizwe sakubo ezinhliziyweni zabo. Mabalinge konke okusemandhleni abo ukuba bakolwise aBantu abanye ngalobupansi bokulima pakati kwaBantsundu, babatshengise nobukulu nokudumiseka nokwesweleka kwako kuleli'zwe, babamise nesibindi sokuba balinge ngamandhl'abo onke ukuba basindise umhlaba abanamandhla okuwupepisa kulencitakalo, nokuba bazame ukuba umhlaba abanawo utele kakulu. Yilowo nalowo olinga ukuhlwanyela lolu lwazi, usiza izwe lonke kuyilapa naye ezisiza kakulu ngokwenza njalo. UBooker Washington, wabesebenzela ka'ulu impela aoakubo, amaNegroes aseU. S. A. kepa yikona loku kusebenza kanzima okwamenamisa, kwamenza atembeke ahlonipeke, wayevama njalo ukutsho loku ezincwadini: "Nxa nitanda ukuba abantu abena mile, lingani ukwenamisa abanye ngokubasiza nangokubasebenzela."

B. HUSS.

Ukuvimbela Ukuvukwa yiGRIP.

Lesi yisikati enyakeni lapa labo abakade beguliswa yiloluhlobo lwe mfiuwenza olutiwa yi"Grip" lapo sebegulisywa okulandela njalo ukubagulisa kwaso lesisifo.

I"Grip" ishiya igazi seli amanzi kuti loku kupapateka okwelama lomkuhlane kulukuni kakulu ukuzwa imiti. Kuswe leke kulungiswe loku anduba isifo sela peke kutiwe sipelile. Inxa igazi lise lula kuyauhlala kukona ukuvukwa yile sisifo njengoba bazi bonke. Ukufudumala nokutula kodwa kuyasiza kepa akubi isikati eside njalo. Nobutongo akupumuzi akuyihlumeleli imizwa ehla la idonseke kakulu.

Ukupela kwendhlela efanele yokulungisa lombandela we"Grip" ngukwaka igazi, amuko ke umaki wegazi odhlula amaPink Pills kaDr. Williams.

Linele igazi eselivuselelwe, lihambe emzimbeni ubese uzwa nje nawe ukuti ungenwe amandhla aduduzayo. Kuye ngokuya umbala ubuyele ezihlatini ezipapatekileyo kuti nenhliziyo ibe emhlope nokudhla kuhambe kahle bese uba sendhleleni yokupila.

Umtengisi wakini uyatengisa ngama Pills kaDr. Williams noma kona ngqo kwoDr. Williams Medicine Co., Long Street, Cape Town ngo3s. 3d. ngegabha noma ngasitupa ngo18s. ungakokeli iposi.

Isaziso.

Ngazisa zonke izihlobo, ukuti kusukela kuFebruary 1, 1919 iaddress yami iya'nyeka ukuba S.A.M.R. ibisiba

C/o W. J. Farland Esq.
P. O. Box 4,
Stanger.
S. S. NDHLOVU.

AKUDINGEKI AMATYPE AKANGAYO.

OkaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula awudingi magama akangayo ukudonsa amehlo abantu. Kona ukusho nje ukuti bonke omkemisi bayatengisa ngawo kwanele, ngoba yonke imikaya iyawazi inana lawo. Ususetshenziswe iminyaka engamashumi amane, useyiloko obizwa ngako. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

ISinodi yamkWeseli eDundee.

Nonyaka iSinodi ibihlangene eDundee eEbenezer Church. Yange na ngolwesiTatu Jan. 21 ngo 9.30 a.m. esihlalweni kungu Rev. H. Cotton. Ababekona abafundisi yilaba: Rev. W. Kidman (Eshowe), C. E. Dent (Nongoma) F. E. Long (Verulam) J. Metcalf (Edendale) A. W. Cragg (Indaleni) A. Arthur Wellington (Ixopo) Arthur C. File (Estcourt) F. F. Cosnett (Ladysmith) W. H. P. Clulow (Dundee) L. S. Creed (Vryheid) L. S H. Wilkinson (Harrismith). G. Mdhlozini, I. N. Nyembezi, J. Mngoma, A. Mtimkulu, S. G. E. Majozi, A. F. Matibela, E. M. Msimang, N. Pamla, Henry Matebula, P. M. Yeni, C. C Nyawo, A. E. Kumalo, J. Mafongqo, S. Msimang, R. Mndaweni, E. A Mtembu, R. Xaba, W. G. Mtembu, noJ. Ndaba.

Wababingelela uRev. H. Cotton ngokubonga ukuba amuko kubo otetwe yisifo. Wabonga nokungena eNatal kwabafundisi abatatu abamhlope wati ibandhla aliqinise isimemo sePresident uRev. J. Pendlebury ukuba eze kulomhlangano. Kwenziwa kwase kuketwa uRev. C. E. Dent ukuba uNobhala. Kwatiwa makuyokalelwa umfelokazi kamfi uRev. J. R. Cameron. Kwabuzwa ngezimilo zabefundisi bonke bapendula bati basahamba kahle Kwahlolwa uMr. J. M. Shupinyaneng waseEdendale kanye nabalingwa ebufundiseni. Wanconywa ukuba enikelwe ukuba asiwe eKomfa abe ngumlingwa. Kwahlolelwa ubufundisi obugcwele, ngomlomo oRev. P. M. Yeni, A. E. Kumalo A. Matibela nol. Nyembezi bonke bapendula kahle.

Afika ntambama amaDelegate amukelwa ngu Rev. H. Cotton. Kwa kishwa izinqumo zokukalela uKing ngokushonelwa nguMntwana uJohn nokubonga ukupela kwempi.

Kwenziwa imibiko yomsebenzi eyabonisa ukuti ibandhla linama 7,609 bancishiswe ukufa kwama 795. Abasemakilasini bengabalingwa bayi 9,331 awezingane 5.816.

Kwabikwa ukuti kwaDukuza kucelwa umfundisi naseXopo kufunwa owesibili Imali yonke eteliweyo yi£19,116. Ngokwakiwa kwendhlu yabafundayo eFort Hare base Weseli iSinodi ite ayizibopeli ekutini iyokipani noma izwelana nalomqondo.

NGOPUZO.

Ngogologo yakipa izwi yati iyatiyana nomqondo wokuti makuvulwe kubantu. Kwaketwa ikomiti lokuzila leli: Rev. S. Msimang, J. M. Ndaba, Messrs, L. Msimang, A. Zulu noH. E, Matebula uNobhala kube nguRev. L. S. Creed.

NGEMFUNDO.

Kwaxoxwa ngomqondo kaHulumeni wokupendula ezinye izikole zibe eza kwa Hulumeni, uRev. A. W. Cragg wapakamisa ukuti njengaloku abo Mnyango weMfundo sebehlose ukutata ezinye izikole iSinodi malikete ikomiti eliyocebisana namanye amaBandhla ngezindaba zokufundiswa kweNkolo ezikoleni nokuketwa kwaotisha. Na nti ikomiti elaketwayo: Rev. H. Cotton, J. Metcalf, J. Pendlebury, B. A A. Mtimkulu, S. Msimang, S. G. E. Majozi, ummemi kube nguRev. A. W. Cragg.

Kwabikwa ngezikole ezikulu esase Indaleni nesaseEdendale kwaboniswa inqubeko yonke indawo.

ISIKOLE SEBIBLE.

URev. A. C. File wabika ngesikole sabaVangeli esenziwa eNdaleni ngo July odhlule esafundiswa ngao Revs. L. S. H. Wilkinson, A. W. Cragg noA. Mtimkulu. Kwanqunywa ukuti nonyaka masibe kona sifundiswe yibo laba. Ikomiti lokuhlela konke libe ngalaba: Revs. J. Metcalf, A. W. Cragg, L. S. H. Wilkinson, A. C. File, (uNobhala) A. Mtimkulu, S. Msimang. Ahlakazeka amaDelegate ngo 11.15 p.m ngolwesiNe.

ABAFUNDISI BODWA.

NgoMgqibelo kwasa kwabikwa ngezintshumayelo zokuhlolwa kwabalingwa. Kwahlolwa oRev. E.M. E. Msimang, noN. Pamla nguRev. H. Cotton. Kwatiwa bawuqedile unyaka wokuqala.

Laba bancokwa ukuba basiwe kuKomfa ukuba babe abafundisi abagcwele Rev. I. N. Nyembezi noP. M. Yeni noA. E. Kumalo.

Kwaketwa oRevs. W. G. Mtembu noJ. Mafongqo ukuba baze bayomela iNatal eKomfeni yaseQueenstown abasekeli kube ngao Rev. A. Mtimkulu noSeb. Msimang.

Ngokususwa kwabafundisi kwaxoxwa kakulu kwatiwa makuze kwotulwe loku kuKomfa: uRev. Mafongqo usemukele isimemo sasc Port Elizabeth, eActon Homes uRev. R. Mndaweni, eVryheid uRev. A. E. Kumalo, iXopo licela umfundisi wesibili.

INTUNGWA YENKWANTSHU.

Akudingi ukuba ude ulunywa yisisu uzibhonqa noma ube buhlungu ematunjini. OkaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula auze ungageja ukunika ikefu nakosegule kanjani. Wufune kona namhlanje, pela asisayikubo isikati sokuwufumana inxa sekusukile. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Utolakele umakoti owalahlwa yincwadi efana neyomyeni wake.

[ISISHAYELELO. Bayokumbula abafundi betu ukuti ngonyaka odhlule sake sakipa lapa epepeni indaba esus'u singa kaMakoti owatunjwa luhlanya olwaloba incwadi kwaba ngati ivela kumyeni wake eti matengise ngezinkomo zake zonke asuke eze kuye. Umfazi wakwenza loko wamuka nengane yake ute esendhleleni ngase Pretoria wahlangatshezwa zincelebana zalo uhlanya umfazi zamtata zamtubelezisa ziti zivela kumyeni wake kant zimyisa emipandwini naseziweni zezigebengu ezashwaqa imali zamtata umfazi waba ngowazo. Le yanamuhlake isilandisa ukubuya kwaleyonkosikazi. Siya mbonga uMr. S. L. Simelane ngokutul' atule asipakele izindaba ezishwaq'u nwele. H.]

Baningi abadabuka bakala ezimatonsi bekalela lomshadikazi nengane uSibusisiwe.

Yena ulanda indaba ende kakulu. Poke sizakutata kafishane nje, ngoba nezwa ukwebiwa kwake yi letter. Uto lwe umfana esaluse iziklabhu zeBhunu was'ecela kumlungu eseya kuhlaba umkosi ekaya, base becela impi yezinjonjela zawonongqayi bafike bashisa umuzi wezigebengu bazibopa zonke bazisa ePitoli batata bonke abafazi bokwebiwa babagodusa.

Siyabuza tina kulomakoti noSibusisiwe ukuti nani ngeqi ngani noma nilobe nezincwadi? Bati saseluswa ubusuku nemini futi sasigqoka amafaniswana sifaka indwangu ebomvu sonke kuti uma behlanga na nati ibangana nje basibuyise nge mvubu. Izinto zokuloba azipatwa nempela. Lomakoti ufike nezingane ezintatu ezizalwa luhlanya. Balahleka iminyaka engu9 bafika ngowama10. Kepa bate befika ekaya uyise kaSibusisiwe ogama linguMr. Benjamn Bhensela wase shade nomakoti omusha.

Kepa indaba ifike yasixaka ingani siyatokoza ukubabona. Sikale sonke lapa sibabona. Nami ngahlulekile ukuzibamba, kepa umakoti omusha uMrs. Benjamin Bhensela kazange anake nesikwenzayo. UMr. B. Bhensela wahlaba inkabi wenza idili likaSibusisiwe indodakazi ebilahlekile wase esetasisela ibizo layo ngokuti nguZuzakele Tokozani Sibusisiwe, kepa izingane zohlanya ezazalelwa ezixotsheni azisondelanga etafuleni, nenkosikazi entsha yayingeko etafuleni, iti iyagula kanti ipetwe uvalo ngokungati indoda izakutata unakaSibusisiwe futi.

Kute kusa kusasa kwabizwa umuzi wonke, yakulunywa indaba yokuhlala kwabo kwamanje. Yati indoda, Lapa emzini wami ngamukela uZuzakele Tokozani Sibusisiwe. Wati wena mkami ngikusola ngokuba watata ingane yami nezinkomo zami wazinika uhlanya nawe futi walugana. Ngangishade nawe ngomteto ngati siya kwahlukaniswa yisifo nawe. Manjeke sengitete omunye wena wuza kuhlala esitendeni sami nezingane zako zontatu uma ungakagani, ngoba wawufanele ukuba ungahambi wedwa, wawungati noma ungena kunxusa muntu uqashe umuntu ngemali owabe, uyitole ngezinkomo zami engu £51 15 6.

Ngati mina ca! musa ukumlahla umkako lo. Wati uMr. Bhensela, ca! Ngikolwa mina angise nakwapula zifungo zami ngalomfazi.

Watike umfazi obelahlekile, O, yebo ngikubonga konke osekushiwo nguMr. Benjamin Bhensela umyeni wami womshado. Angisho nami ukuti asibhanqe, kepa mina ngalahlwa nguye owatata incwadi enegama lami nelake nelika Sibusisiwe walinika isigebengu nekeli lami. Ukuba incwadi yami awuzange uyinike uhlanya ngangingasoze ngalahleka kangaka. Awu! zasishiya izinyembezi ngalamazwi, noko isikundhla sake umakoti kazange abe esafinyelela kuso, wase sinda umakoti ekuguleni ngoba unina kaSibusisiwe kayitolanga indawo yake, kepa ifa likaMr. Bhensela oba ngelikaSibusisiwe, unina ke yena uselibhantshi nezinganyana zontatu.

Noko lomfazi omusha uyafa ngamabilingwane lapa ebona ukuti ifa ngeli kaSibusisiwe. Ngelinye ilanga uyaye apuze umuti ahlanze abeseti unukelwa nguSibusisiwe, ati uyise, Unuka kanjani? Ati umfazi unuka amafutelo ohlanya.

Noma sesiyinqumile indaba kanje sojabula ukutola imiqondo nezeluleko ningasho ukuti sisa sizani sekupelile nje. Akuko qili lazikot'emhlane.

Tokozani babuyile ababelahlekile.

S. D. SIMELANE.

Mahashini Store,
P. O. Nongoma;
Zululand.

IMBANGI NOKWELASHWA KWESIRUDO.

Ukudhla umuntu eqise, nokuguquka kwokushisa kwomoya, nezitelo ezingavutiwe, namanzi amabi, ngezinye izici ezibanga isirudo. OkaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula uzelapa ngokushesha zonke lezizifo zamatumbu. Utengiswa yibo bonke abatengisayo.

Ukuhlasela kwabelungu kwaZulu.

(M. M. FUZE.)

8. Njengokuba senginilandisile okwezintombi nokulwa kwamabuto, angisale sengibhijelela ngendaba elandela lezo eyenzeka ngalowo nyaka omubi wokucutshwa. Nanko-ke sekulandela indaba embi yokupinga kwabafazi ababili bakaSirayo, engeko yena ekaya esenkosini. Nango-ke uMehlokazulu eti uba ukubone loku watukutela, kwabe abafazi labo sebeqile. Ute uba abapu tume ngamahashi, wababona sebewele le nganeno kwelasesiLungwini; kwati ngokubafica kwake wababulala bobabili; kanti bayabona abasesiLungwini aba bonisa emazibukweni. Po, uzwani-ke, wauhlaba waulaula. Kwabe lapo uSir Henry Bulwer uHulumeni waseNatal esemlobela njalo konke loko uHulumeni waseCape Town uSir Bartle Frere. Lapo-ke impi yabelungu is'isondele. Naye uSir Bartle Frere wati uba abone ukuti konje uzakuya kuhlokoza iminyovu ekade yahlala iveva, watumela pesheya kuNdunankulu yemikosi, wacela amabuto. Kuleyo nkati kwaqala ukutshisa kumuutu wonke, amanxusa lawa akwaZulu apambana, ati amanye ependuka kwakufika amanye,—uSintwangu wakwaCele, inxusa elikulu lakwaZulu elitunywa esilungwini noMahubulwana wakwaXulu indun'enkulu yabaQulusi—kwaba kubi nje kuleyo nkati. Wo! yaqamuka kaloku iNdhlondhlo e'mehlo'mane, yas'Ekukanyeni uMapilipili onjengezulu lihloma, o'ndaba zifika kuqala petsheya, umatshetsh'afike eNkilande! wabuza kaloku ebuzela indodana yake uCetshwayo, ukuti uze ahlaselwe nje woneni, ebuza kuSir B. Frere; usefikile ke naye lapo use lapa emGungundhlovu, sebeke bafike Ekukanyeni behamba bobabili oSir Bartle Frere noSir Henry Bulwer behambele kuSobantu. Ngesinye isikati beze kungena endhlini yetu yokucindela bobatatu. Sikuleke sonke tina esicotsha amatype. Loku yela uSir Bartle Frere mude nje use yixegu noko ungapansi kukaSobantu ngobude; uSir H. Bulwer ungapansi kukaSir B. Frere, naye kamfutshane kakulu usidhlodhlo nje.

20. USobantu wamlwelake uZulu, ngezincwadi ayeziloba azitumele kuHulumeni ezinye sizicindezele kuwo umcindezelo wetu Ekukanyeni lapo. Kwema loko kwaza kwati ngoDecember 1878 kwezwakala ukuti impi yabelungu iyakuwela uMzinyati ingene kwoSirayo ngoDec. 25, 1878, kulwiwe.

Lapo-ke nati tina bacindezeli asisa'ali kuleyo nkati, nayo uqobo inkosi uSobantu kasalali, use uyalwa naye uqobo ngendaba yezincwadi. Kwezwakala ukuti abelungu batumele enkosini uCetshwayo babiza uSirayo nendodana yake uMehlokazulu, bati kaletwe kubo bazokuluma icala lake lokubulalela abafazi ababili bakaSirayo nganeno komncele wakubo. Kwezwakala futi ukuti inkosi namabuto yalile ukunikela uSirayo eziteni. Kepa uHamu umfo wabo nkosi watukutela kakulu, eti yini kungadedelwa uSirayo nendodana banikwe abelungu na? Eti, yena katandi ukuba kubulawe izwe ngomuntu oyedwa. Wo! inkosi namabuto banqaba impela ukudedela uSirayo ayiswe kubelungu, bati, "Akuse nani, aisale seizakanye akusenacala." Kute nembala ngoKisimusi ka1878 bangena abelungu esifundeni sikaSirayo kaXongwa wasemaQungebeni. Yawela uMzinyati. Wayipaka umfo wasemaNgisini. Po, ifunyana buni, akupela ibandhlana likaSirayo eliseleyo lapa kumuka impi eningi iye kwomkulu, lapa ibizelwe kona yinkosi. Yalwa ke lapo nebandhlana lezisali. Kwasekutunywa izigijimi lapo zokuyakubika ukuti impi seingene kwoSirayo. Wayihlela-ke lapo uMahlamvu-abhula-umlilo ubaswe nguMantshonga-benoNgqelebana. Po, loku kunjalo njalo abelungu laba beza ngamazibuko onke, enye iwela ngelas'eDhlokweni, enye ngelakwaNtunjambili, enye ngelakwaJim Rorke, kute xakalala nje okwobane ku umvimbezelo.

21. Kuleyokanti-ke akusakohle muntu ukuti kuyalwiwa, esiLungwini lapa nakwaZulu, nakumuntu ozihambelayo nje. Linye zwi izwi likaSobantu owati uba abone ukuti kasamlalelanga ebutshwelezeni kwake uSir Bartle Frere, walikuluma emanxuseni ayezinge etunywa kuye oMfunzi noNkisimane walayeza walayezisisa wati, "Niyabona, loku abelungu sebelwa noCetshwayo, nize nimtshele umntanami, ati noma eselwa nabelungu, angalingi abadhlulise eminceleni yezwe lakwaZulu uma ebahlehlisile, ukuze nami ngipendulane kahle nabelungu; ngoba impela baya kugcina ngokunahlula." Amanxusa amuka nalo lelo aya kwaZulu. Usafinyele-ke uSintwangu ukuza emGungundhlovu kuleyo nkati, kodwa oMfunzi noNkisimane ababonanga befinyela, babefika njalo Ekukanyeni noma sekulwiwa. Lo'mfo wakwaXulu uMfunzi wab'eyindoda enesibindi impela, engesabi ukucusha pakati kwezikati, epete amazwi atunywe wona yinkosi yakubo. Ngesinye isikati baka baboshwa bobabili noNkisimane, kutiwa bay'izinhloli; kepa bona bakupika loko, bati bay'izitunywa ezibange kuHulumeni emGungundhlovu. Bati noko betsho loko balaliswa endhlini bebotshiwe baza batukululwa ngangomuso.

(Isaqutshwa.")

Zam-Buk.

UMAHLAL'ENQOBA UMELAPI WESIKUMBA.

AWUKO OFANA NOZAM-BUK WAMAKAMBI.

Njengoba kuqiniseke ukunqoba amaJalimana ngamaAllies, naku ukugunya kukaZam-Buk kunjalo, umahlal'enqoba umelapi wesikumba.

Ziyavela izilingiso, kepa ziyahluleka njalo ukusondela ekudhlondhlobaleni kukamanqoba uZam-Buk.

Kahle kwezigcobo ezite nfe ezima ngalisayo ezabe zigcotshwa ngabalwi basendulo uZam Buk ungumuti otakisisiweyo wamakambi, nangenxa yokwakiwa kwake okungandile kwoongcweti unamandhla okudambisa nokuqeda isihlungu angandile. Use zibonakalisile eyisibusiso emasosheni akiti empini, usindisa mihlayonke imikaya yaseSouth Africa ekuhonizweni yikufa.

UZam Buk uqondelwe ukudambisa masinyane ubuhlungu nokulavuzela kwesikumba. Uqeda izilonda nengqwaimana nesihlungu emisukweni yako noko ungonakalisi izintwatwasi ezitambile zenyama. Inxa ukatwe lapo umuntu esikwe kona, noma eshiswe umlilo namanzi uba yisivikelo esisheshayo ekungenweni amagciwane wenze ukuba kumile masinya ngapandhle kobuhlungu isikumba esisha esipilileyo.

Kumnomzane nenkosikazi nomntwana uZam-Buk ungumelapi wesikumba opeleleyo wokuhlala kuhlinzekwe ngawo. Uhamba uye ufike kude futi uhlale isikati eside, uhlale ulungile kunayo yonke futi wetembeke kunayo yonke. Ngo1s. 6d. noma ngo 3s. 9d. ngedosha kubo bonke omkemisi nabezitolo noma ngeposi kwoZam Buk Co., 9, Long Street, Cape Town.



Ezase Newcastle.

(Ngu JIBA.)

Impitimpiti yomhlangano kaNatal Native Congress, yayihlangene lapa ngomhla ka25 January, 1919. Kwakufike uMr. C. S. Mabaso waseGoli noMr. J. T. Gumede waseMgu'ndhlovu.

o o o

UMr. Mabaso wayetuuyelwe nguMongameli weS. A. N. N. Congress uMr. S. M. Makgatho, okwatiwa akabanga namandhla okufinyelela. UMr. Gumede wayeletwe ukutanda kwake "isizwe esimnyama."

o o o

Esihlalweni kwakuhleli uMr. P. T. B. Mtemba onguChairman waleligatsha kanye noMr. E. J. Kuboni umbhali. Kepa wati uvalwa lomhlangano kwase kuhleli abanye esihlalweni, angabe ngisaqonda ukuti sekwezenjani.

o o o

Ezamahemuhenu ziti akasez'ufundisa uMr. Sel. G. M. Kunene. Usesebenza kwaMessrs. Crook & Ingram kuwo lomuzi.

o o o

Ngiyabona ukuti kuya kulo engide ngilizwa lokuti amatisha abhecwa ngobeude ekufundisweni. Kuvamile ukuba etitsha bashiye ukusebenza umsebenzi wabo bagijimele eminye imisebenzi.

o o o

Ungabu sahambe eNewcastle ngomgwaqo opumela ebhulohweni uzwe umsindo wokucwaya e' Twatwa" endhlini yotshwala. Abazi nanyaka ngamizi yabo elambayo emakaya.

o o o

Kuzwakala sengatiti bayakukulwa bonke abafazi abahlala lapa edolobheni beugenamadoda. Ngezwa elinye ipolisa liti, "Abahambe basitela ngokufa."

o o o

Imishado ibikwa ubutapupu yonke indawo, wena owazi isitabataba Eminingi isbadile kanti nengakashadi ingako. Kepa nendhlela iti, "Ngilapa."

UMBIKO.

NgoJanuary 27 ekuseni ushonile uMrs. Alvina inkosikazi kaMr. Otto Tetwayo intombi yaseMambedwini. Ushiye ingane yentombazana. Izihlobo mazaneliswe yilombiko.

21 Pietermaritz Street,
P. M. Burg.

UT'UNGAHLE UKUMELE?

Wake wakwelwa yinkwantshu kakulu nentungwa nokuhlambulula ungenalo igabha likaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula endhlini? Musa ukuzifaka engozini enjalo. Noma uwupuze kanye noma kabili engakalandwa udotela, awuze ungageja noma umuntu esegula ngokuying zi kanjani. Utengiswa yibo bonke abatengisi.